## Yini elindelwe eMalungwini?

Kusukela mhla lu-1 kuJanuwari 2024, **wena nabantu obanakekelayo kufanele ngamunye wenu aqoke i-GP** ezoxhumanisa ukunakekelwa kwenu. Uma uhlala endaweni ethile kodwa usebenza kwenye ehlukile, ungaqoka ama-GP amabili (2). Ungashintsha i-GP oyiqokile njalo ezinyangeni eziyisithupha.

## Kwenzekani uma Amalungu nabahlomuli bawo bengaqoki oDokotela Abavamile?

I-SAMWUMED izokhokhela ukubonana nodokotela wangaphandle izikhathi ezimbili (2) kuphela uma isicelo senkokhelo sithunyelwa i-GP engaqokiwe onyakeni ngamunye wemihlomulo. Amalungu aqhubeka ebonana ngamabomu ne-GP angayiqokanga kuyodingeka akhokhele lezi zicelo zenkokhelo uma lo mkhawulo usuphelile.

## Amathiphu ama-5 okunqanda izinkokhelo eziseceleni

1. Qoka i-GP oyikhethayo, kunconywa ukuthi kube umuntu okuNethiwekhi Yama-GP ye-SAMWUMED.
2. Khuthaza i-GP yakho ukuba ijoyine iNethiwekhi Yama-GP ye-SAMWUMED.
3. Uma i-GP yakho Eqokiwe ikuthumela kuChwepheshe Wezifo, yicele incwadi yokukuthumela kanye nenombolo yesigunyazo.
4. Cela i-GP yakho ukuba ikuthumele kuChwepheshe Wezifo Wenethiwekhi eSibhedlela Senethiwekhi.
5. Izinhlu zethu zamanje zenethiwekhi ziyatholakala esikhungweni sethu sezingcingo ku-0860 104 117 noma kuwebhusayithi yethu ethi www.samwumed.org.

**UKUXHUMANISA UKUNAKEKELWA KUYINTO ENHLE EMALUNGWINI ETHU NASESIKIMINI SETHU.**

**Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa vakashela:**

www. samwumed. org / clinicalinfo@samwumed.org

Samwumed @SAMWUMEDhealth Samwumed



# UKUXHUMANISA UKUNAKEKELWA KUYINTO ENHLE EMALUNGWINI ETHU NASESIKIMINI SETHU.

SAMWUMED

Real Heritage. Real People. Real Health Care.

# Izinto Ezithuthukisiwe Nezinguquko ze-SAMWUMED zika-2024

Njengelungu lethu, i-SAMWUMED ilwela ukukuhlinzeka ngendlela yokuthola ukunakekelwa kwempilo okuseqophelweni eliphezulu, ukukuvikela ezindlekweni zokukhokha ngemali yakho nokwenza imihlomulo yakho ihlale isikhathi eside.

## I-SAMWUMED iyifeza kanjani le migomo?

Ngokuqhubeka sithola amaNethiwekhi ahlinzeka ngokunakekelwa kwezempilo okuhle futhi angafuni ukuba ukhokhe izimali ezisECeleni. INethiwekhi yethu yoDokotela Abajwayelekile (ama-GP) iyakhula, sineNethiwekhi Yezibhedlela entsha futhi singenele isivumelwano neNethiwekhi Yochwepheshe Bezifo ngo-2024. Ungenza imihlomulo yakho ihlale isikhathi eside ngokuqoka oDokotela Abajwayelekile (ama-GP) abangaba ba-2 abazoxhumanisa ukunakekelwa kwakho.

## Kungani kubalulekile Ukuxhumanisa Ukunakekelwa?

Ukukhetha i-GP eyodwa ezoxhumanisa ukunakekelwa kwakho kwezempilo kuthuthukisa izinga lokunakekelwa okutholayo. Ama-GP aqokiwe angenza izinqumo ezingcono zokukunakekela ngoba anomlando wakho ophelele wezokwelashwa nemiphumela yokuhlolwa. Imihlomulo yakho izohlala isikhathi eside uma ubona i-GP yakho eqokiwe ngaphambi kokubonana noChwepheshe Wezifo ngoba izokuthumela kuChwepheshe Wezifo ofanele futhi ngeke uphindaphinde ukuhlolwa.

## Yini eyenziwa iSikimu ngokuxhumanisa ukunakekelwa?

I-SAMWUMED ikucela ukuba uqoke i-GP ezoxhumanisa ukunakekelwa kwakho futhi isiqalise inqubo yokugunyazwa kukaChwepheshe Wezifo othunyelwa kuye.

## La maNethiwekhi azowazuzisa kanjani amalungu?

Odokotela abajoyina amaNethiwekhi ethu ama-GP Nochwepheshe Bezifo bakhokhisa amanani esivumelene ngawo uma uya kubo. Ngeke ukhokhe imali eseceleni uma uya ku-GP Yenethiwekhi noma kuChwepheshe Wezifo Wenethiwekhi.

## Inqubo Yokugunyazwa KukaChwepheshe Wezifo Othunyelwa Kuye – ibandakanyani?

I-SAMWUMED ifuna ukuba uye ku-GP yakho Eqokiwe ngaphambi kokuba wenze i-aphoyintimenti noChwepheshe Wezifo. Uma i-GP yakho Eqokiwe ikuthumela kuChwepheshe Wezifo, kufanele ikunikeze incwadi kanye nenombolo yokuthunyelwa yesigunyazo, eyithola ngokushayela ku-0861 112 666 futhi ikhethe uNombolo 5. Le nombolo isebenza izinyanga ezi-3. Kufanele unikeze uChwepheshe Wezifo le nombolo ukuze ifakwe esicelweni sakhe senkokhelo se-SAMWUMED. **I-SAMWUMED isiwatshelile ama-GP ngale nqubo futhi ngeke ikhokhele izicelo zenkokhelo zoChwepheshe Bezifo ngaphandle kwenombolo yokuthunyelwa yesigunyazo.**